

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/Isizulu

August 2021 Edition 1

	<p>Support for businesses and workers</p> <p>Page 3</p>			<p>Stevie takes on COVID-19</p> <p>Page 7</p>
---	--	--	---	--

Rebuilding SA



Cont. page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US

 Vuk'uzenzele  @VukuzenzeleNews

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE



Ukwesekwa kwamabhizinisi kanye nabasebenzi

Ukuqala kanye nokwakhona ibhizinisi kufana nokukhulisa umndeni. Kuthatha isikhathi, isineke, ukwesekwa okungaguququki kanye nokunakekelwa kusukela ebuntwaneni kuya ebudaleni.

Kubanikazi abaningi bamabhizinisi, ukubona ibhizinisi olikhulisile kusuka ekuqaleni lithwele kanzima ekutheni liphokophele phambili, noma ukuphoqeleka ukuthi livalwe, kuzwisa ubuhlungu obukhulu.

Kusuka kubheduka ubhubhane lwe-*COVID-19*, lobu buhlungu bube yisimo esibhekane namabhizinisi amaningi amakhulu kanye namancane, hhayi ezweni lakithi kuphela nje kodwa umhlaba wonke jikelele.

Ubhubhane kanye nezinyathelo obekufanele sizithathe ukunqanda ukubhebhethaka kwegciwane le-*corona* zibe nomthelela omubi emabhizinisini.

Ekubhekaneni nalolu bhuhane siye sadinga ukusebenzisa indlela enobufakazi benqubomgomo kanye nokwenza, ngokubheka ucwaningo lwezayansi, ubungcweti kanye namandla ezokwelapha, kanye nomthelela kuyo yonke imikhakha yomphakathi.

Kudingeke ukuthi silinganise phakathi kokusindiswa kwezimpilo kanye nokulondwa kwendlela yabantu yokuziphilisa.

Siye sadinga ukunciphisa umthelela wemikhawulo endleleni yabantu yokuziphilisa ekuvalweni kwezwe okulandelayo, noma sibeke ingcuphe engabakhona yehlandla lesibili kanye nobhubhane lobubha kanye nendlela esikhathini esizayo.

Ezinsukwini zokuqala ngonyaka owdlule, sethula izinyathelo

zokungenelela ezifana noHlelo Lwe-*COVID-19* Lwesikhashana Lokusiza Abaqashi kanye nabasebenzi (i-*TERS*), Isikhwama se-*COVID-19* Semali-mboleko kanye nezinye izindlela zokweseka amabhizinisi amancane ngosizo lwamanje futhi lwesikhashana kubasebenzi kanye nabanikazi bamabhizinisi.

Ukwengeza kulokhu, Isibonelelo Esikhethekile Sosizo Lwezenhlalo se-*COVID-19* kanye nokwandisa ukufinyelela kwizibonelelo zikahulumeni ezikhona kuhlinzeke izindlela zokuziphilisa zabantu kanye nemindeni entulayo.

Ngalezi zingenelelo sikwazile ukunciphisa umthelela omubi kakhulu walolu bhuhane, ukunqanda ukuvalwa kwamabhizinisi amaningi kanye nokulahleka kweminye imisebenzi. Zihlinzeke ngesisekelo esiqinile oHlelweni Lokwakha Kabusha kanye Nokuvuselelwa Komnotho esalwethula ngokusemthethweni ngoMfumfu wangonyaka owdlule.

Njengengxenywe yalolu hlelo, sethula Uhlelo lukaMongameli Lokusungula Imisebenzi ukuze kuhlinzekwe ngemalingeniso nokweseka indlela yokuziphilisa yezigidi zabantu abafanelekile.

Ngalolu hlelo, bangaphezu kwezi-300 000 abantu abasha abaqashwe njengabasizi ezikoleni. Bangaphezu kwezi-100 000 abalimi abaziphilisa ngokulima ababhalisiwe okokuqala ngqa ohlelweni lokugcinwa kwemininingwane ngezobuchwepheshe lapho bekwazi ukufinyelela ekwesekweni ngezobuchwepheshe.

Bangaphezu kwezi-30 000 abantu abasha abanikwe amathuba emkhakheni wezamasiko, amakhono kanye

nezemidlalo. Ochwepheshe abasebasha banikwe amathuba okuthuthukisa ingqalasizinda, ezempilo, ukulondolozwa kwemvelo kanye nakweminye imikhakha eminingi.

Zikhona izinkomba ezinika ithemba lokuthi umnotho wethu uyasimama kancane, ngokukhula kanye nokwakhwiwa kwamathuba omsebenzi emikhakheni eminingi, ukusuka ekukhiqizeni kuya kwezezimayini kuya nakwezolimo.

Ngaleso sikhathi siyazi ukuthi 'lesi sinyathelo esikhulu' siyinduduzo engaphelele kubasebenzi nakosomabhizinisi abahlupheke kanzima ngokungelinganiswe kulo nyaka nesigamu owdlule, futhi bebenethemba lokubona isimo sabo sibangcono njengoba umnotho uvuleka kancane.

Ukunyuka ngesivinini kokwesuleleka okubhebhethekiswa ngumxhantela omusha wegciwane i-*Delta* kwenze kwaba nesidingo sokubekwa kwemikhawulo eqinile ekuhambeni kwabantu, ekusebenzeni kwamabhizinisi athize nasemibuthanweni yomphakathi, phakathi kokunye.

Lezi azange kwaba yizinqumo ezilula ukuzithatha, uma ubheka umthelela wazo ezimpilweni zabantu.

Njengoba senza ngesikhathi kuqala lolu bhuhane, sihlanganeye ezingxoxweni nabo bonke ababambiqhaza bomphakathi, amabhizinisi, ezabasebenzi kanye nomphakathi ukubona ukuthi yiziphi izinyathelo ezingasimamisa ezezimali esingazethula ukweseka amabhizinisi nabantu ababhekene nosizi ngalesi sikhathi.

Izingxoxo noMkhandlu Kazwelonke Wokuthuthukiswa Komnotho kanye Nezabasebenzi



ziholele esivumelwaneni sokuthi isinyathelo esisebenza kakhulu futhi esisimeme ngokwezezimali esinganikeza usizo oluphuthumayo ukwelula uhlelo lwe-*COVID-19 TERS* emikhakheni ethintekile kakhulu ngenxa yemikhawulo yesigaba sesine esiguquliwe.

Ukwesekela amabhizinisi amalaysense kanye nezimvume zawo zokusebenza ebeziphelelwa yisikhathi sokusebenza phakathi kukaNdasa kowezi-2020 kanye noNhlanguvana kowezi-2021, selula isikhathi sawo kuze kube mhla zingama-31 kuZibandlela 2022. Ukwengeza kulokhu, amalaysense noma izimvume zamabhizinisi ezintsha zokusebenza ezikhishwe mhla lu-1 kuNtulikazi nazo zizokusebenza kuze kube mhla zingama-31 kuZibandlela 2022, futhi ayikho imali okuzomele uyikhokhele le layisense.

Ngonyaka owdlule, besilokhu sisebenza ngokungaguququki ukuvikela abasebenzi ababuthakathaka abanemisebenzi esengcupheni, ikakhulukazi emikhakheni eshayeke kanzima efana neyezokuthengisa, imboni yokudla neziphuzo kanye nensimbi. Ngokusebenzisa izinqubo ezilawulwa yiKhomishana

Yezokubuyisana, Yezokulama kanye noKwahlulela, imisebenzi elinganiselwa kwizi-58 000 ilondolozwe.

Njengoba lolu bhuhane lungakhombisi zim pawu zokuphela maduzane, amabhizinisi nabasebenzi basalokhu besengozini.

Sibonga ukuhlangana komphakathi okwenze sakwazi ukuqhubeka nokwakhula ukuthi uhulumeni, osomabhizinisi kanye nabasebenzi bakwazi ukusebenzisana ukuze baqinise abasebenzi namabhizinisi kwimithelela ebuhlungu yezomnotho yalolu bhuhane.

Okwamanje, okuseqhlwini kithina wokusindisa izimpilo, nokuqinisekisa ukuthi sihlizeka ngokweseka okudingekayo, ngokusemandleni ethu, ukugwema ukuthi amabhizinisi amaningi avalwe nokulahleka kwemisebenzi eminingi.


Njengoba senzile ngohlelo lwe-*COVID-19 TERS*, uhulumeni uzinikele ngokuphelele ekuqhubekeni nokuxoxisana nabamabhizinisi nabasebenzi ukuthola indlela kulezi zikhathi ezinzima esindisa izimpilo futhi ivikele izindlela zabantu zokuziphilisa. **V**



SIYABONGA

KUMAQHAWWE KANYE

NAMAQHAWWEKAZI OBHUBHANE



I-SANDF ilwisana ne-COVID-19

More Matshediso

UMbutho Wezokuvikela Kuzwelonke waseNingizimu Afrika (i-SANDF) usiza empini yokulwisana nobhubhane lweSifo segciwane le-Corona (i-COVID-19) e-Gauteng, okuyilapho njengamanje lidlange khona ihlandla lesithathu lalali gciwane.

I-SANDF isiza ngokuhlola umphakathi, ukuxilonga kanye nokulandela umkhondo walabo okungenzeka ukuthi basulelekile, futhi iyasiza nasezibhedlela.

UMbutho Wezempilo Wamasosha aseNingizimu Afrika wathunyelwa esifundazweni ukuze wenze lula umthwalo osemahlombe abasebenzi bezempilo.

Ithimba Lomsebenzi Wezokwelashwa libekwe esibhedlela i-Chris Hani Baragwanath Academic Hospital

eGoli.

Njengoba i-Gauteng iqophanani eliphezulu lezigameko zokwesuleleka nge-COVID-19 ngalesi sikhathi sehlandla lesithathu, lesi sibhedlela siqanjwe njengesikhungo sezempilo sesifundazwe futhi manje sesibhekele ukusiza iziguli ezihaqwe yi-COVID-19.

Ngaphambi kokuqala imisebenzi yabo, Ithimba Lomsebenzi Wezokwelashwa ligonyiwe ukuze lizovikeleka ngesikhathi lisebenza ngokwenyuka kwezizinga lezigameko zokwesuleleka nge-COVID-19 kanye nokulaliswa kweziguli esibhedlela.

Induna Ephethe Ithimba Lomsebenzi Wezokwelashwa uFezeka Mabona, ongumhlengikazi oneziqu, uthi usebenza kanye namanye amalungu ethimba.

“Leli thimba liyinhlanganisela yabasebenzi bezempilo abahlukahlukene, ababandakanya

abahlengikazi, odokotela, abasebenzi basemitholampilo kanye nabasebenzi abangochwepheshe kwezempilo nokuphepha emsebenzini,” kusho yena.

Iningi labahlengikazi lineziqu ezizezingeni lobuhlangikazi, ezixile emikhakheni yezobuchwepheshe obehlukene, obubandakanya ukunakekelwa kwezempilo okuyisisekelo.

“Abanye abahlengikazi baqeqeshelwe izindawo zokuhlizwa ngenhloso yokwelashwa kwezempilo. Sonke sisebenze njengabahlengikazi abajwayelekile, ababelethisi, abaqeqeshi babahlengikazi kanye nabaphathi bezindawo zombili yezamasosha kanye neyohlelo lwezempilo yomphakathi,” kusho yena.

Ithimba lihlukaniswe ngokwamaqembu omsebenzi futhi lisebenza ngokushintshana nabasebenzi basesibhedlela, kuya ngokuhambisana nesidingo



Amalungu oMbutho Wezempilo Wamasosha aseNingizimu Afrika asiza abasebenzi esibhedlela i-Chris Hani Baragwanath Academic Hospital ukunakekela iziguli ezihaqwe yi-COVID-19.

kuleso sikhungo. Leli qembu okwamanje lihlinzeka ngomsebenzi wokunakekela emagunjini eziguli ayisithupha.

“Abasebenzi basesibhedlela bancane kakhulu ukuthi bangakwazi ukubhekana nenani lezigameko njengamanje. Kubaluleke kakhulu kithina ukuthi sizame ngokusemandleni ukubasiza ukuze sonke sigweme ingcindezi eyengeziwe ohlelweni lokunakekelwa kwezempilo,” kusho uMabona.

Wengeza ngokuthi umoya wokubambisana phakathi kwabahlengikazi be-SANDF kanye nalabo bohlelo lokunakekelwa kwezempilo yomphakathi ube muhle kakhulu kuze kube manje.

Ngenxa yokunyuka kwezigameko ze-COVID-19, lesi sibhedlela kulindleleke ukuthi sithole imibhede eyengeziwe, ukuze senyuse inani laso lomthamo wemibhede elingama-96 yokulalisa iziguli eziningi. **1**

Pandemic sparks good deeds

A CHURCH congregation in Ga-Rankuwa, north of Tshwane, is doing all it can to assist the needy during the COVID-19 pandemic.

Kgaogelo Letsebe

South Africans have been hard-hit by the Coronavirus Disease (COVID-19), with many losing loved ones and struggling to earn a living during these difficult times.

But the pandemic has also resulted in stories and acts of hope, with people standing together and offering each other help and support.

This is the case for the Ga-Rankuwa community in Gauteng.

Following the Level 5 lockdown in March last year, the Ga-Rankuwa Presbyterian Church's Reverend Thando Mpambani put a Church in Society Committee

in place to help people in need.

“The journey started with the vision to support the needy. We initially identified 12 families that were in dire need. The needs varied, but a common theme was food,” says committee Chairperson Khutjo Leburu.

The committee rallied the church's congregation and neighbours to put substantial food parcels together.

“COVID-19 continues to have a profound effect on society, therefore it's everyone's responsibility to share the little we have with those in need. Instead of just having a food drive, we decided to run various drives.

“This year alone we have distributed school shoes to needy

families, thousands of second-hand and new shoes to Shoes4souls, toiletries to 86 Grade 7 learners at Ikageng Primary School and we are busy with a blanket drive,” says Leburu.

While the Level 5 lockdown is a thing of the past, its effect still lingers and many families are still struggling to recover financially.

Leburu says that as long as there are families in need, the church's work in the community is not done.

“Churches, as institution of God, are mandated to support others and fulfil the Messiah's mission. It is time churches start playing active roles in the community, open their doors to the needy and stop operating in isolation. We aim to continue to do this,” she adds. **1**



A group of congregants from Ga-Rankuwa are reaching out to their community to lend a helping hand.